**Imiyalelo yokumaka leli iphepha**

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. (**Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo**)

2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.

3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emfushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.

4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.

5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe imemo.

6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.

7. *Imibuzo emide*
   Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.

8. *Imibuzo emimifushane*
   Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.

9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikona okunikezwa amamaki.

10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikona okunikezwa amamaki.

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

### Isililo – FY Ncube

Impendulo mayibhekiswe kokulandelayo:

- Umqondo wenkondlo yilokho okusuke kusemqondweni wembongi ngenkathi ibhala inkondlo.Umqondo wenkondlo wehlukaniswe kabili, umqondo osobala kanye nocashile.
- Le nkondlo iqukethe umqondo osobala.

Abahlolwayo bangaphendula babhekise kula maphuzu:
Imbongi iphumelele ukwethula umqondo osobala wale nkondlo ngokusebenzisa amasu obunkondlo alandelayo:

- Amabinza;
  Amabinza ayathelelana. Le nkondlo ikhuluma ngesililo sabazali abakhalela izimali zabo ezichithekele ubala kanye nesililo sezingane ezifunde iminyaka zabuya emakhaya zijabulile ngoba zizuze iziqu kanti ezomgunyathi. Lokho kwenze ukuthi uma seziyofuna umsebenzi zingawutholi kwazise lezi zikhungo zemfundo ebezifunda kuzo azikho emthethweni. Kuthe noma sezithi ziyobuza zathola ukuthi abanikazi balezi zikhungo zemfundo ephakeme sebebalekile bayokhohlisa abanye phambili. Ekugcineni imbongi inxusa izikhulu zoMnyango wezeMfundo ukuba zivale lezi zikhungo ezidala usizi emindenini eminingi.

- Ukukhethwa kwamagama:
  Ukukhethwa kwalawa magama alandelayo kuyahambisana nomqondo wale nkondlo. Ngomuso-kuqondwe isikhathi esizayo; oNjabulo noNonjabulo- izinsizwa nezintombi ezijabulele ukubuyela ekhaya; olwamanqamu- isikhathi sokuphothula izifundo; benconcoza- ukubonga kakhulu okukhombisa ukweneliseka; ukubabaza umhlola- ukukhuza ishwa elibavelele.

- Imvumelwano:
  Bagoduka ...
  Bananela ...

  Zihamba ...
  Zigabe ...

  Zikhuze ...
  Zikhala ...

Le mvumelwano igcizelela umqondo wokuthi ziningi izingane eziqolwe yilezi zikhungo zomgunyathi.

- Ukuxhumana:
  Ziphume ...
  Ziphume ...

  Naz' ...
  Naz' ...

Lokhu kuxhumana kusagcizelela umqondo wokuthi ziningi izingane ezihambe zayofuna umsebenzi zethembe iziqu ezizizuzile kanye nomqondo wokuthi iningi imali yabazali echithekele ize.

- Izimo zokukhuluma:
  Imbongi isebenzise izisho ezihambelana ncimishi nomqondo wale nkondlo ezithi: bekhihla isililo- bekhala bengayeki; ziphum' inqina kamabuyaze- zihambele ubala; sebeshay' utshani- sebebalekile.

- Izifenqo:
  Imbongi isebenzise izifenqo ezihambelana nomqondo wale nkondlo:
  - Ihaba: Nas' isizwe sifa siphela – ubuningi babantu abalahlekelwayo ngenxa yalezi zikhungo zomgunyathi.
  - Isenzasamuntu: Naz' izimali zabazali zicwila- izimali zabazali ezichithekele ubala ngenxa yalezi zikhungo zomgunyathi.

(Amukelekile amanye amaphuzu ayovezwa abahlolwayo uma ehambelana nokubuziwe).

Imbongi iphumelele kahle ukwethula umqondo osobala wale nkondlo ngoba isebenzise amasu obunkondlo agqamisa isililo esikhihlwa izingane nabazali ngenxa yokulahlekelwa izimali nesikhathi. Ibuye yexwayise ngobubi bezikhungo zemfundo ephakeme ezingekho emthethweni. **[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**Sasingazange Simbone – SZB Muthwa**

2.1 Yingoba kwakungekho ukuthula/nokulingana kuleli.√ (1)

2.2 Umoya wentokozo/wenjabulo/wokubonga/ukutusa/ukuhalalisa.√Imbongi iyamhasha uMadiba ngoba ekuphumeni kwakhe ejele waya phesheya eyoxoxa ngesimo saseNingizimu Afrika. Waba nemihlangano yeCodesa yokuxoxisana/ukubuyisana kwavela nomdanso wakhe owawujabulisa abantu.√√ (3)

2.3 Kuvele/kuvumbuke into ebingalindelwe ngoba leli qembu lalingekho ngesikhathi sobandlululo kodwa lavela ngemuva kokuphuma kukaMandela ejele.√ (1)

2.4 Sasizoba sibi kakhulu√ ngoba abamnyama nabamhlophe babeyoqhubeka nokucwasana nokubandlululana.√ Babengeke bafunde ezikoleni ezizodwa, bahlale ndawonye noma baganane. √/Kwakungaholela ekubhedukeni kwempi yezikhali izwe laseNingizimu Afrika lingalawuleki.√ Lalingeke futhi lithole inkululeko kwezepolitiki, kwezomnotho kanye nakwezemidlalo.√
(okubili okusekela impendulo) (3)

2.5 Lesi simo sokukhuluma sichaza isipho esasiphiwa uMandela esiwukukhanya, okuwuphawu lolwazi/loxolo/ lokuzwana nokubekezelelana/wasivula amehlo sakwazi ukubukana njengabantu hhayi ngokwezinhlanga.√√ (2)
**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**Imvunge Yeminyezane – JJ Thwala**

3.1
- Izwakal' ...
  Iqongel' ...
  Ingikhumbuz' ...√ (1)

3.2 Imbongi izwa umsindo omnandi yavula izindlebe yawulalela. Yavula namehlo yabona izinto eziyisimanga ezenziwa izifundiswa eziphuma esikhungwini semfundo ephakeme.√√ Imbongi isebenzise ukukhethwa kwamagama: zakhongozela, unqambothi, qanula amaqaphelo, kanye nokusinga ukuveza izinto eziwubunye, ubuntu,ubuqotho, isineke, kanye nenkuthalo.√ (3)

3.3 Imbongi isebenzise imigqa evalekile ukubala izinhlobo zezinyoni ezifanisa nohlobo lwabantu abahlukene abaphuma enyuvesi abathweswe iziqu./ ukudala isigqi esimnandi/umoya wentokozo/yingoba le migqa iqukethe umqondo ophelele.√ (1)

3.4 Isize ukudala ukugcizelela√ umsindo owawuzwiwa imbongi owawulethwa ukujabula kwabantu√ ngenxa yeziqu zemfundo abazizuzile.√ (3)

3.5 Imbongi isebenzise uphawu 'isihlahla somnyezane' ngoba asibuni sihlala siluhlaza√ kanjalo nemfundo uma usuyizuzile uhlala unayo zikhathi zonke√/ngoba sinamagatsha ayikazelayo enza umthunzi opholile othi uma uhleli ngaphansi kwaso uthole ukuphumula,√ njengemfundo uma usuyizuzile uthola ukunethezeka nokuphumula√/ngoba sinamagatsha ayikazelayo√ okwenza ukuba sifaniswe nezevatho ezifakwa abantu abazuze iziqu zemfundo ephakeme√.
(Okukodwa kwalokhu), (2)
**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**Inhlonipho – MK Hlongwane**

4.1 Yayimbuka ngokumnyonkoloza.√ (1)

4.2 Le mpindamqondo 'waqophisana, waphikisana' iqukethe umqondo wokugcizelela ubuhlongandlebe/ukudelela kwale ngane/ukungalaleli.√ Iphendulana nothisha esikoleni √ ibuye ingavumelani nabanye abantu kanye nemvelo/ayihambisani nekutshelwayo.√ (3)

4.3 Ukugqamisa ukuthi le ngane ibona uyise njengomuntu wakudala ongaziqondi izinto ezenzeka esikhathini samanje/ukukhombisa ukuthi isimethe igama elikhombisa ukuthi usekhulile/ukukhombisa ukungamhloniphi uyise/ibuka uyise njengomuntu ongakwazi ukucabanga/kukhombisa ukumbukela phansi.√ (1)

4.4 Lesi sisho singilekelele ukuba ngiqonde ukuthi le ngane iyozisola ngelinye ilanga ingasenakusizwa muntu√ ngenxa yokungahloniphi othisha nabazali√ukuhamba izindlela zobumnyama nokudakwa utshwala√ (3)

4.5 Leli binza liveza umoya wokukhathazeka/wokubalisa/ukudumala/ukujabha.√ Imbongi ibuka ukuphela kwenhlonipho esizweni esingamaZulu kulesi sikhathi samanje ekubeni esikhathini sangaphambilini inhlonipho yayikhona, ize yasebenzisa umbuzombumbulu izibuza ukuthi yaqedwa yini inhlonipho.√ (2)
**[10]**

**KANYE**

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**Kungenxa Yami – PC Tembe**

5.1 Kuthi njengokungithwala
Kwakh' izinyang'eziyisishiyagalolunye√√ (2)

5.2 Izinyosi zimunce lonke umpe lwembali, imbongi nayo imunce unina.√ Ngemuva kwalokho izinyosi zishiye imbali isimixhiliba nembongi yashiya unina eyimixhilibana.√ (2)

5.3 Imbongi isebenzise ifanangwaqa u-z- √ ngenhloso yokuletha umgqumo/ umsindo kanye nokugqamisa ukuthi lezi zinyosi zaziziningi zibhuza.√ (2)

5.4 Ukuqhathanisa ubuhle balo muntu imbongi ekhuluma ngaye nalobo bembali/ukugqamisa ubuhle balo muntu imbongi ekhuluma ngaye √ kanye nokuguga kwakhe kuhle kwembali ibuna ukudala umfanekisomqondo.√ (2)

5.5 Imbongi isebenzise isifenqo isenzasamuntu 'ziyishiy' isimixhiliba'.√ Umuntu oba mxhiliba kanjalo nembali iyabuna iphelelwe uju nobuhle bayo uma izinyosi seziyimunce lonke uju.√ (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: INOVELI

## UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

QAPHELA:

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa izigameko eziqukethe udweshu okuyizona umbhali azisebenzisile ukukhulisa indaba yakhe.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze udweshu.
  - Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
  - Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekusebenziseni udweshu ukukhulisa indaba yakhe.

Abahlolwayo bangasebenzisa la maphuzu alandelayo amayelana nodweshu kule noveli:

❖ **ISINGENISO**

Udweshu lwehlukene kabili. Kukhona udweshu lwangaphakathi kanye nodweshu lwangaphandle. Udweshu lwangaphakathi luwukungqubuzana kwemicabango okudalwa okuthile umlingiswa asuke edlinza ngakho, ngesinye isikhathi aze agcine ekuphimisele. Udweshu lwangaphandle luwukungqubuzana kwemibono yabalingiswa okungaholela ekutheni bagcine sebebambana ngezihluthu. Umbhali uyaye asebenzise lolu dweshu ukukhulisa inoveli yakhe.

Umbhali ukhulisa inoveli yakhe ngokulubhebhethekisa lolu udweshu elamanisa izigameko noma evusela abalingiswa izinkinga okumele bazixazulule. Udweshu ulubhebhethekisa kuze kufike kuvuthondaba.

Amazinga odweshu: Isisusa sodweshu, ukubhebhetheka kodweshu, uvuthondaba nesiphetho.

❖ **UMZIMBA**

- Isisusa sodweshu.
  Ukuhlangana kukaMahlengi/Mhlengi noXolani emhlanganweni wokuthuthukisa osomabhizinisi abasafufusa lapho okwakheka inhlansi yothando kuXolani.

- Ukubhebhetheka kodweshu.
  - ➢ Udweshu lwangaphakathi:

UXolani:

- UXolani ushaywa uvalo, uhluleka nokugxilisa ingqondo yakhe kokwenzeka emhlanganweni akuwona.
- UXolani uyazibuza uyaziphendula ngokuthathwa uthando lukaMahlengi uze ushaywa uvalo uma ecabanga ngomkakhe.
- UXolani ucabanga ngobuhle bukaMahlengi ngemuva kokubonana kwabo kokuqala efulethini likaMahlengi, uze uyazisola ngokujaha ukuganwa.
- UXolani ucabanga ukuthi uzolwethula kanjani udaba lwakhe kuMahlengi njengoba selumenze waze waphithanelwa ikhanda.

UMahlengi:

- Uyabalisa ubuyekeza obekwenzeka ngenkathi behleli kamnandi noXolani.
- Uthi ehleli nesoka lakhe uNdumiso kodwa ingqondo yakhe ibe iphithene ngokucabanga uXolani okwakumshayisa ngovalo.
- Emva kokuhamba kwesoka lakhe uNdumiso, uMahlengi ubuyelwa umfanekiso kaXolani uze uyakhala. Ubalisa ngothando aluzwayo ngoXolani ekubeni uXolani ubengakamtsheli ukuthi uyamthanda.
- Ushaywa uvalo ecabanga imihlola abeyitshelwa isoka lakhe uNdumiso yokuya eSouth Coast kodwa engasho ukuthi uyokwenzani.
- Ushaywa uvalo ngemuva kokukhuluma noXolani ocingweni ngenxa yokugajwa uthando lwakhe, uzizwa esephelelwa uthando lukaNdumiso enhliziyweni yakhe.

UNontobeko:

- Ugqolozele isithombe sikaMhlengi uyakhala, uyazibuza eziphendula ukuthi wayemenzeni aze amshiye ngobuhlungu benhliziyo, isizungu nothando ayenalo ngaye.

UNdumiso:

- UNdumiso uthatha uyabeka, inhliziyo iququdwa uthando lukaMahlengi olwaluhanguka ngaphakathi ezibuza ukuthi wayezoyithatha kuphi imali yokumlobola.
- Ngemuva kokukhuluma noMahlengi ocingweni ufikelwa imicabango uze uzibuza ukuthi yini eseyenze isithandwa sakhe simshintshele ngomzuzwana.
- Ngemuva kwengxoxo yakhe noS'bu mayelana nolwazi aluthola ngoNgidi owayeyisiqumama, uzibuza ukuthi uzokwazi ngani ukuthi nguyena muphi ngoba baningi oNgidi ababebhalwe kuleli bhuku lezingcingo ayeliphethe.
- Ubalisa ngezinto uthando olwalumenza azenze yize wayesefungile ukuthi usehlukene nazo.

UNgidi.

- Udunyelwa ikhanda ngenxa yemicabango eminingi ayenayo ngemuva kokufika kukaNontobeko emzini wakhe ezofuna uMhlengi.

  - ➢ Udweshu lwangaphandle:

UXolani.

- Uxabana nonkosikazi wakhe uLungile ngoba ebalindisile nezingane, efike enuka isiqholo sabesifazane futhi ephuzile nokubiza igama likaMahlengi elele.
- Uxabana noNdumiso bebanga uMahlengi.
- Uxabana nonkosikazi wakhe uLungile futhi ngodaba lokushona kwezingane zabo.

UNontobeko.

- Wala uNkululeko ngosuku olwandulela olomshado.
- Uxabana nonina ocingweni ngodaba lomshado wakhe noNkululeko.

UNdumiso.

- Ekufikeni kwakhe kwaNgidi eyombamba inkunzi umqongqotha ngesidunu sesibhamu esiphundu, uyabethuka, umyalela ukuba abophe u-anti omsizayo izandla nomlomo, ubopha uNgidi izandla ngentambo ugcina ngokudubula uNyambose ambulale.
- Uxabana noMahlengi ngaso sonke isikhathi seloku kwafika uXolani empilweni kaMahlengi.

UNgidi.

- Uxabana noNomalanga ocingweni ngodaba lukaMhlengi.

UZakithi noNomthi.

- Bayalwa bebanga uS'bu.

- Uvuthondaba nesiphetho:
    - Ukutholakala kukaMahlengi/Mhlengi.
    - UNontobeko, uNgidi, uNomalanga kanye noXolani bayashaqeka abakubonayo efulethini likaMhlengi/Mahlengi.
    - UNontobeko, uNgidi kanye noXolani bambuza imibuzo, eminye angakwazanga ukuyiphendula.

❖ **ISIPHETHO SEMPENDULO (UVO LOHLOLWAYO):**
Umbhali ukwazile ukusebenzisa udweshu ukukhulisa indaba yakhe. Lokhu kufakazelwa izehlakalo ezitholakala kule ndaba ezigqanyiswa udweshu lwangaphakathi kanye nolwangaphandle, nangendlela ezilandelana ngayo. Ukukhula kodweshu kusifundise ukuthi kumele ubambelele kulokho onakho. Ukube uXolani akathathekanga uthando lukaMahlengi ngabe izingane zakhe azifanga futhi ngabe akahlukananga nonkosikazi wakhe. Kanjalo noNontobeko ukube akamalanga uNkululeko ngabe washada nomuntu owayemthanda ngokweqiniso futhi ubengeke adliwe unembeza wokuthi kwashona umuntu ngenxa yokubambelela entweni engekho. (Abahlolwayo mabaveze uvo lwabo, bakhombise ukuthi sebeyayiphetha impendulo yombuzo).

(Abahlolwayo kulindeleke ukuthi babhale impendulo yombuzo njenge-eseyi.) **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

7.1
- Wayeyoxolisa ngokumkhohlwa alibale indaba kaMhlengi.√ (1)
- Wayeyocela ukuba amkhaphe bayolanda uMhlengi eThekwini.√ (1)

7.2
- Babezoshada√.
- Babezobhekana nezinkinga bebambisene.√
- Babezobhekana nezinjabulo zangomuso bebambisene.√
- Babezoqala impilo entsha ndawonye.√

(Okubili kwalokhu) (2)

7.3 UNomalanga wayemthanda njengesithandwa sakhe√ kanti uMhlengi wayemthanda njengendodana yakhe okwakuwukuphela kwayo.√ (2)

7.4
- ULungile usola uXolani ukuthi useqonyiwe futhi usebuyele nasotshwaleni.√
- UXolani ubiza igama likaMahlengi ephupha kodwa ebe elele noLungile.√
- Ukulibala kukaXolani ukulanda uLungile nezingane ukuze baye emcimbini.√
- Ukubuya kukaXolani ebusuku enuka isiqholo sabesifazane.√
- Ukukhiyela izingane zize zishele endlini.√

(Okune kwalokhu) (4)

7.5 Simveza njengomlingiswa onoxolo nothando√ ngoba wayethukuthelele uNgidi ngemuva kokuba eseqale phansi ukufuna uMhlengi. √ Wayesebhale nencwadi yokumala kodwa wagcina engamnikanga.√ (3)

7.6 Kungilekelele ukuba ngiqonde ukuthi le ndaba yenzeka enkathini yamanje.√ Abantu abaphila kulesi sikhathi samanje bavame ukuxuba ulimi lwesiNgisi nolimi lwesiZulu uma bekhuluma.√ Njengabalingiswa abangoMahlengi, uNontobeko, uXolani, uNdumiso, abanye kanye nomlandi.√ (3)

7.7 UNdumiso noXolani bathanda uMahlengi kodwa amandla othando lwabo avezwe ngezindlela ezingafani.√ UNdumiso uthando lukaMahlengi lwamenza wabuyela ebugebengwini, wabamba uNgidi inkunzi wabulala noNyambose ngoba efuna imali yokulobola uMahlengi.√ Kanti uXolani uphelelwa uthando lomkakhe, ushiya izingane zodwa ebusuku unina eye emsebenzini ngoba eyobonana noMahlengi zagcina zishele endlini zibulawa umlilo.√ (3)

7.8 Kuyakholeka ngoba sebekhona abantu asebeziguqula ubulili ngenhloso yokuqala impilo entsha njengoMhlengi kule noveli.√
- Wahlinzwa isitho sangasese saguqulwa saba esomuntu wesifazane.√
- Wahlinzwa igilo ukuze iphimbo lakhe libe ngelomuntu wesifazane.√
- Waphuza ama-*hormones* ukuze abe nezicubu zomzimba ezivame kwabesifazane.√
- Wenza i-*plastic surgery* eyamsiza ukuguqula ubuso bufane nobomuntu wesifazane.√

(Okubili kwalokhu) (3)

7.9 Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa isu lokujeqeza emuva.√ Sethulelwa uNkululeko ecabanga mhla ehlangana okokuqala ngqa noNontobeko/ekhumbula indlela amlandelela ngayo uNontobeko ukuze amqome/ekhumbula usuku athumela ngalo abakhongi emva kokuqonywa kwakhe uNontobeko/ekhumbula ukuthi bazothi bangashada babe nezingane nesithabathaba somuzi.√√ (3)

**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

QAPHELA:

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa izigameko eziqukethe udweshu okuyizona umbhali azisebenzisile ukukhulisa indaba yakhe.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze udweshu.
  - Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
  - Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekusebenziseni udweshu ukukhulisa indaba yakhe.

Abahlolwayo bangasebenzisa la maphuzu alandelayo amayelana nodweshu kule noveli:

❖ **ISINGENISO**

Udweshu lwehlukene kabili. Kukhona udweshu lwangaphakathi kanye nodweshu lwangaphandle. Udweshu lwangaphakathi luwukungqubuzana kwemicabango okudalwa okuthile umlingiswa asuke edlinza ngakho, ngesinye isikhathi aze agcine ekuphimisele. Udweshu lwangaphandle luwukungqubuzana kwemibono yabalingiswa okungaholela ekutheni bagcine sebebambana ngezihluthu. Umbhali uyaye asebenzise lolu dweshu ukukhulisa inoveli yakhe.

Umbhali ukhulisa inoveli yakhe ngokulubhebhethekisa lolu dweshu elamanisa izigameko noma evusela abalingiswa izinkinga okumele bazixazulule. Udweshu ulubhebhethekisa kuze kufike kuvuthondaba.

Amazinga odweshu: Isisusa sodweshu, ukubhebhetheka kodweshu, uvuthondaba nesiphetho.

❖ **UMZIMBA**

- Isisusa sodweshu.
  Yizizumbulu zemali eyabanjwa uMirriam/uNomvula emjahweni wamahhashi.

- Ukubhebhetheka kodweshu.
  - Udweshu lwangaphakathi:

UNomvula

- Uyazibuza uyaziphendula ukuthi awuyeke noma angawuyeki umsebenzi njengoba esenemali.
- Uqwashile ucabanga ngothando ayeseluzwa ngoChule okwakwenza uGenyeza abe isithunzana emcabangweni wakhe.
- Udinda isililo uma ecabanga ngezingxabano zasemndenini wakhe ezazidalwe ukubamba izizumbulu zemali, ngokuphuma kwezidumbu, ngezinxushunxushu ezase zenzeke kwaDicey, ngemibiko yamaphephandaba kanye nokuboshwa kukaGenyeza.
- Ngenkathi ezohamba noChule ukuya eMlazi uzithola ekhathazekile emoyeni ezibuza ukuthi kazi uyoke aphinde alale yini eThusini kule ndlu ayehlala kuyo.
- Uyazibuza ukuthi amsize noma angamsizi uChule njengoba esecindezelwa imoto kanti uChule ubethi oDaffo mabamsonte intamo uNomvula.

UGenyeza

- Udliwa imicabango yokuzenyeza ubona sengathi uMirriam ngeke aphinde amlalele ngoba nakhu yena eyisichaka.
- Ucabanga ngokuthi ubehlaleleni angamshadi uMirriam, ufisa nokuboleka kuye imali yokumlobola.
- Uyacabanga, uyasonga ufunga uyagomela ukuthi wayezoziphindisela koHlulintombi noDicey ngoba ethi babenesandla ekuhambeni kukaNomvula/ kukaMirriam.

UChule

- Ucabanga ukuthi angawuthola kanjani umcebo kaMirriam.
- Ucabanga indlela angazuza ngayo uMirriam ukuze angasoli ukuthi umthandela imali yakhe.
- Ucabanga indlela angabulala ngayo uMirriam.

UDaffo

- Ucabanga ukuthi angamzuza kanjani uMirriam ngenkathi uChule esesibhedlela.

UMeyili

- Ucabanga aze aphimisele ngokuthi ufukuza nje kanti usecebile ngemuva kokuzwa ngoDladla ngomcebo kaNomvula. Ukhathazekile ngokuthi amahuzu aseThekwini azoyitapa le mali njengokusho kukaDladla.

  - Udweshu lwangaphandle:

UNomvula

- Bayaxabana benoGenyeza bebanga ukuthi uDicey umqabulile nokuthi angaphuzi kakhulu amphoxe ebha yasehhotela ababedla kulo.
- Uxabana noChule bebanga ukuthi angasondeli eduze kwakhe ngoba kungahle kungene uGenyeza.
- Ulwa noMchitheni noMsonteni ababehamba noMahuzu indodana kaMaHadebe eyayithunyelwe ukuba izombulala.
- Uxabana noGenyeza bebanga ukuthi uChule uyisoka likaMirriam ngoba njalo uma kunezigameko eThusini wuye wokuqala ukusiza uMirriam.
- Uxabana noChule ngoba enqaba ukuyofakaza ukuthi uGenyeza oshaye uChule ngomshiza.
- Uxabana noDaffo ngoba emeshela ngenkathi uChule elimele elele esesibhedlela.
- Ulwa noDaffo noJamu emsahweni, abathengwe uChule ukuba bambulale.

UGenyeza

- Uxabana nephoyisa lasegalaji elidayisa izimoto ngenkathi besedolobheni bebuka izimoto.
- Uxabana noSikiti obeze ukuzobonisana noMirriam ukuthi akhishwa kanjani amashwa emalini yamahhashi.
- Uxabana nabadayisi abehlukene, uGoodenough Madonsela ozama ukudayisela uMirriam umshwalense. Umdayisi wefenisha uTerrence Ngubane ngokuveza amaphepha anezithombe zefenisha esikhundleni sokukhombisa uMirriam ifenisha yangempela.

- Uxabana noDeeble bebanga ukuthi uyamhleba ukhuluma naye ngolimi angaluqondi.
- Uxabana noDaffo ozenza udokotela wamahhashi ngenkathi efuna ithuba lokukhuluma noMirriam, abuye axabane naye futhi ngenkathi ezenza iphoyisa embopha eyomshiya ezimobeni ngasoThongathi.
- Uxosha uChule kwaDicey uze umsasazela ngezinja.
- Ushaya uHlulintombi ngoba ethi udayise uMirriam kuChule ngebhodlela lebhrendi.
- Uxabana noDicey ngoba emkhuza ngezenzo zakhe zokushaya abantu ngemvubu emzini wakhe nokumsola ngokudayisa ngoMirriam kuChule

UMeyili
- Uthethisa uMaNdelu embangisa ukuthi uNomvula ubhalele yena incwadi emazisa ngendaba yokubamba ipick-six.
- Uthethisa uMaHadebe ngoba ethi ungenaphi endabeni yokulandwa kukaNomvula nokuthatha kwakhe imali kaMaNdelu.
- Uxabana nabakhongi bokuqala oDaffo mayelana nenani lemali elibhalwe eshekeni abazolobola ngalo nokuthi bebengamloboli ngani uMirriam engakawubambi umjaho wamahhashi.

UChule
- Uxabana noMasondo, uMdunge, uMadlanduna noXaba ephoqelela ukuba bameseke enkonzweni ukuze angaxoshwa.
- Uxabana noMaDludla bebanga ukuthi usemkhipha emzini wakhe ukuze kungene uNomvula.
- Ushaywa uMaDludla ngamaqanda ngosuku lomshado wakhe noMirriam.
- Uxabana noDaffo ngemuva kokumthenga eboshiwe.
- Uxabana noMirriam bebanga umculo kaGenyeza.

  - Uvuthondaba:
    - Ukufa kukaChule noJamu, ukuboshwa kukaDaffo emva kokuzama ukubulala uNomvula.

  - Isiphetho:
    - Ukuganwa kukaHlulintombi.
    - Ukuhlambuluka kukaSonosemali ngokudayisa uHlulintombi, uNomvula noGenyeza kuChule.
    - Ukushada kukaNomvula noGenyeza esengusaziwayo komasikandi.

❖ **ISIPHETHO SEMPENDULO(UVO LOHLOLWAYO):**
Umbhali ukwazile ukusebenzisa udweshu ukukhulisa indaba yakhe. Lokhu kufakazelwa izehlakalo ezitholakala kule ndaba ezigqanyiswa udweshu lwangaphakathi kanye nolwangaphandle, nangendlela ezilandelana ngayo. Ukukhula kodweshu kusifundise ukuthi imali iyimpande yesono. UNomvula/Mirriam uzithola esebhekene nezinkinga empilweni yakhe ngoba bonke abantu bafuna ingxenye yemali yakhe. (Abahlolwayo mabaveze uvo lwabo, bakhombise ukuthi sebeyayiphetha impendulo yombuzo).

(Abahlolwayo kulindeleke ukuthi babhale impendulo yombuzo njenge-eseyi.) **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

9.1 UDayisi/uDicey√ ngoba waqabula uMirriam phambi kukaGenyeza/ngokwazi kukaGenyeza amasoka aqabulayo.√ (2)

9.2 Abelungu bakuqabula uma:

- bekhombisa ukukubongela.√
- bekuthakasela.√
- nivalelisana.√

(Okubili kwalokhu) (2)

9.3
- UGenyeza wayegonyuluka ubala ngenxa yokudakwa/wayebongela le ndoda emhlophe.√ (1)
- Indoda emhlophe yayibala ngeminwe qede inikine ikhanda/yayilwa nokukhumula uthayi ungaphumi.√ (1)

9.4
- Ukubizwa kukaGenyeza ngoNtshangase nguMirriam kanti uChule umbiza ngomfana.√
- Izinsolo zikaChule zokuthi ushaywe uGenyeza ngewisa edolobheni.√
- Ukuphoqelelwa kukaMirriam uChule ukuba ayoqamba amanga emaphoyiseni ukuthi uGenyeza uyena owamshaya ngewisa.√
- Ukulalela kukaMirriam umculo kaGenyeza uChule ayengawufuni.√ (4)

9.5 Simveza njengomlingiswa ongazikhukhumezi/ozithobile.√ Ukuba nemali akumguqulanga uMirriam waqhubeka wabathobela njengasekuqaleni abelungu ngoba kwakuyindlela ayekhule ngayo/wayengafundile eziphumela emakhaya.√√ (3)

9.6 Kungelekelele ukuba ngiqonde ukuthi le ndaba yenzeka enkathini yamanje lapho ukusetshenziswa kolimi lwesilungu kwakungakasabalali.√ Abantu abaningi ababebuya kwezinye izindawo zasemakhaya bezosebenza emadolobheni babengasazi isilungu ngoba babengenayo ngisho imfundo yamabanga aphansi.√. Ngakho-ke abaqashi babo babekhuluma nabo ngalolu limi ukuze bazwane.√ (3)

9.7 UGenyeza noChule bathanda uNomvula/uMirriam kodwa amandla othando lwabo avezwe ngezindlela ezingafani.√ UGenyeza unothando lweqiniso kodwa olubuswa isikhwele, wayeshaya kwasani olwalusondela kuMirriam ezama ukumvikela ezigebengwini ezazifuna imali yakhe.√ Kanti uChule usebenzisa ubuqili ukuheha uMirriam baze bagcina beshadile ngenhloso yokufinyelela emalini yakhe.√ (3)

9.8 Ziyakholeka ngoba namanje basekhona abantu abasebenza emakhishini/ ezindlini abasenza lokhu umbhali abhale ngakho kule noveli.√

- Ukuthandana kwabasebenzi basemajalidini ngoba behlala bendawonye njengoNomvula uthandana noGenyeza.√
- Iningi labasebenzi basemajalidini basuke besuka kude njengoNomvula owayesuka emaNgwaneni kanye noGenyeza owayesuka eFilidi.√

- Busekhona ubugebengu kanye nokulwa kubangwa izintombi namasoka njengoba kwakwenza uGenyeza elwela uNomvula kanye noThoko owayengomunye wezintombi zikaGenyeza.√
(Okubili kwalokhu)

NOMA

- Akukholeki ngoba ngeke ukuthi umuntu esewine imali engaka kodwa ebesaqhubeka ukusebenza ekhishini njengoMirriam.√
- Akukholeki ukuphithizela kwezigebengu ezazizoqola uMirriam emzini kaDicey ewumlungu.√
- Akukholeki ukuthi umlungu uDicey wayenganika uMirriam ithikithi lemali engaka kanti noBrenda unkosikazi wakhe wayebhejile naye.√
(Okubili kwalokhu) (3)

9.9 Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa isu lokujeqeza emuva.√ Sethulelwa uDaffo ekhumbula mhla behlangana okokuqala noChule bekhokhobela umfelokazi wesiqumama/ekhumbula bekhuluma okokuqala ocingweni noChule ngomcebo kaNomvula/ekhumbula umshado mbumbulu kaChule noMaDludla/ ekhumbula ingqinamba abahlangabezana nayo benoChule yokuthi babezomkhipha kanjani uMaDludla emzini kaChule ukuze bafake uNomvula/ekhumbula amazwi omfundisi ebacebisa benoChule ukuthi uma bedla imali yasemajalidini ngenhloso yokuzicebisa iyobadla ngelinye ilanga.√√ (3)
**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

QAPHELA:
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa izigameko eziqukethe udweshu okuyizona umbhali azisebenzisile ukukhulisa indaba yakhe.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze udweshu.
  - Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
  - Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekusebenziseni udweshu ukukhulisa indaba yakhe.

Abahlolwayo bangasebenzisa la maphuzu alandelayo amayelana nodweshu kule noveli.

❖ **ISINGENISO**

Udweshu lwehlukene kabili.Kukhona udweshu lwangaphakathi kanye nodweshu lwangaphandle. Udweshu lwangaphakathi luwukungqubuzana kwemicabango okudalwa okuthile umlingiswa asuke edlinza ngakho, ngesinye isikhathi aze agcine ekuphimisele. Udweshu lwangaphandle luwukungqubuzana kwemibono yabalingiswa okungaholela ekutheni bagcine sebebambana ngezihluthu. Umbhali uyaye asebenzise lolu dweshu ukukhulisa inoveli yakhe.

Umbhali ukhulisa inoveli yakhe ngokulubhebhethekisa lolu dweshu elamanisa izigameko noma evusela abalingiswa izinkinga okumele bazixazulule. Udweshu ulubhebhethekisa kuze kufike kuvuthondaba.

Amazinga odweshu: Isisusa sodweshu, ukubhebhetheka kodweshu, uvuthondaba nesiphetho.

❖ **UMZIMBA**

- Isisusa sodweshu.

Imicabango kaDumazile ngemva kokuzwa oMemu Ngcamu noMpungose bemhleba ezindlini zangasese bethi uthandana noMoloi.

- Ukubhebhetheka kodweshu.
  - Udweshu lwangaphakathi:

UMoloi:

- Uyabalisa ukhuluma yedwa edidwe ubuhle bukaDumazile.
- Kuyamkhathaza ukuthi oMemu sebeyazi ngendaba yakhe noDumazile.
- Ucabanga ngodaba lokukhulwelwa kukaDumazile, uMisi Hlophe kanye nomonakalo awushiye ekhaya wokukhulelisa.

UDumazile:

- Ukhuluma yedwa emva kwenkulumo kaMemu Ngcamu benoMemu Mpungose, uhlaziya ucabanga ngenkulumo abamsola ngayo yokuthandana nothisha uMoloi.
- Unquma ukubadalula kuthishomkhulu nakuthisha uMoloi ngokuhudulela igama lakhe phansi.
- Ucabanga ngalokho akutshelwe uMoloi kokumthanda, ugcina enquma ukumqoma ngencwadi.
- Ucabanga ngokuhilizisana kwakhe noMisi Hlophe ayembuka njengomuntu ofuna kube ngeyakhe kuphela ingane enobaba. Wayesenquma ukungehlukani nothisha uMoloi.
- Ushaywa inzululwane esebhasini elibheke eMzimkhulu ngenkathi kubuya zonke iziyalo zikanina emqondweni wakhe.
- Udidekile ucabanga amazwi kaSithole wokuthi ufuna ukumenza umamncane kaMpisendlini.
- Ucabanga ngokukhulelwa kwakhe ingane kaSithole uze ufikelwa umcabango wokuhushula isisu kodwa uyawuphebeza lowo mcabango ngoba esaba ukuthi angafa.
- Kungqubuzana imicabango yakhe ngamazwi kaSithole okuthi akakhethe ukuba ufuna ahlawule noma amphindisele esikoleni.
- Ucabanga ukuhlela isu noMthovovo lokuzuza imali ngesitolo sikaSithole.

UMaNdovela:

- Ucabanga ngomyeni wakhe abuye acabange ngoMoloi. Uthatha uyabeka ufisa sengathi ngabe uDumazile akazalwanga.

USithole:

- Ucabanga ngokulanda ugedla lwenyanga ukuze aqonywe uDumazile.
- Uthengela uDumazile imoto kodwa uba manqikanqika ukuyikhokhela yonke imali ugcina eyithatha ngesikweletu.

UMaNzimande:

- Uthatha uyabeka wehluleka ukulala ngenxa yokuthi uSithole akalalanga ekhaya futhi akabikanga.
- Udinwa ukubuya kukaSithole ekhaya evela ejele uze ufikelwa umcabango wokuthi hleze amthelele ngegciwane lengculazi nokuthi usezomshayela umthetho futhi.

➢ Udweshu lwangaphandle:

UDumazile:

- Uqophisana noMisi Hlophe ngendaba yokuqoma uthisha uMoloi.
- Uxabana nabazali bakhe ngenxa yokukhulelwa ingane kaMoloi.
- Uyashaywa futhi uyethukwa uSithole. USithole wayenza lokhu ngoba wayengasenamali futhi esedakwa.
- Utshela uSithole ukuthi akasayingeni indaba yakhe.
- Uxabana noMtalaselwa bebanga ukuyokwakha ekhaya kubo kaMtalaselwa.
- Uxabana noMtalaselwa ngendaba kaSithole.

USithole:

- Uxabana noMaNzimande bebanga indaba kaDumazile.
- Uphuma ejele ulwa noMoloi bebanga uDumazile.

UMaNzimande:

- Uhilizisana noLizzy ngoba etshele uSithole ukuthi yena uzwe ngoLizzy ngezinsolo zokuthandana kwakhe noDumazile.
- Uxabana noSithole bebanga ukuthi akezanga esitolo ngenkathi uSithole embizela ukuzokhuluma ngodaba lokuthandana kwakhe noDumazile ayeluzwe ngoLizzy.
- Uxabana noSithole ngokuthi akuxoshwe uDumazile emzini wabo.
- Uxabana noSithole bebanga ukuthi uSithole ulala noDumazile, ebe uDumazile ethandana noMkhize.

Izingane zikaDumazile:

- ULerato uxabana noMtholephi bebanga indaba kayise uMoloi.

- Uvuthondaba:
  - Ukugula kukaDumazile.
  - Ukumenyezelwa emsakazweni kwabantu abaziyo abashonile.

- Isiphetho:
  - Ukuxolisa, ukushona nokungcwatshwa kukaDumazile.

❖ **ISIPHETHO SEMPENDULO(UVO LOHLOLWAYO):**
Umbhali ukwazile ukusebenzisa udweshu ukukhulisa indaba yakhe. Lokhu kufakazelwa izehlakalo ezitholakala kule ndaba ezigqanyiswa udweshu lwangaphakathi kanye nolwangaphandle, nangendlela ezilandelana ngayo. Ukukhula kodweshu kusifundise ukuthi ukungalaleli iziyalo zabazali kugcina sekukufake ezinkingeni kuze kuchaphazeleke nabantu osondelene nabo. UDumazile akazilalelanga iziyalo zabazali bakhe okumenze wagcina esephelelwe yisimilo. Lokho kube nomthelela oholele ekutheni kushone abantu abaningi ngenxa yegciwane lengculazi abathelelene ngalo nokudumala kwabazali bakhe. (Abahlolwayo mabaveze uvo lwabo, bakhombise ukuthi sebeyayiphetha impendulo yombuzo).

(Abahlolwayo kulindeleke ukuthi babhale impendulo yombuzo njenge-eseyi.) **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE*** **– ME Wanda**

11.1
- Ukucucuza ilobolo kuchitha isikhathi.√
- Kubambezela umkhwenyana elokhu eqoqa lokhu nalokhuya.√
- Kugcina sekuvele namahlazo.√

(Okubili kwalokhu) (2)

11.2 UMaNdovela wayekholelwa ukuthi uDumazile wayengasaphelele/wayesenengane√ futhi umuntu akathengwa kusuke kwakhiwa ubuhlobo nje.√ (2)

11.3
- OMemu Mpungose noNgcamu baqambela uDumazile amanga bathi uthandana nothisha uMoloi. Lokho kwanikeza uthisha uMoloi isibindi sokumeshela bagcina sebethandana/Uthisha uMoloi usebenzisa imithi ngoba kuthe uma uDumazile ehlatshwa izibhobo wamthatha wamyisa enyangeni yakhe.√
- ULizzy waqambela uDumazile amanga watshela uMaNzimande inkosikazi kaSithole ukuthi umyeni wakhe uthandana noDumazile. Lokho kwanikeza uSithole isibindi sokweshela uDumazile bagcina sebethandana/USithole usebenzisa imithi ngoba kuthe engakathandani noDumazile waqinisa umuzi wakhe eMafezini okwaholela ekutheni uDumazile agcine esemqomile.√ (2)

11.4
- Ukufica uDumazile emi phandle noSithole eMafezini bexoxa.√
- Ukwala kukaDumazile ukuyokwakha umuzi wabo eJilafohlo kubo kaMtalaselwa/ukwala kukaMtalaselwa ukuyokwakha umuzi wabo eMzimkhulu.√
- Ubudlelwano uDumazile ayesenabo nabantu bakwaVilakazi ababengazwani nomndeni wakubo kaMtalaselelwa.√
- Ukunukwa kukaMaShandu unina kaMtaselwa nguDumazile ukuthi uthakatha ingane yabo.√ (4)

11.5 Imveza njengomlingiswa osheshe athukuthele/othathela izinto phezulu/onesikhwele/ongazethembi√ ngoba esikhundleni sokuthi akhulume noMoloi isoka lakhe ngalolu daba ukuze athole iqiniso, wanquma ukubuza uDumazile ebe eyingane yesikole okwenza uDumazile amdelele.√√ (3)

11.6 Impilo kaDumazile yayingeke ibe kulesi simo azithola esekusona√ ngoba wayezohlala kwababekazi wakhe ngaphansi kweso elibukhali lomuntu ongumzali, hhayi ukuyohlala emqashweni nesalukazi ekungesona esozalo.√ Lokho kwakungenza nokuthi aqede isikole engakhulelwanga.√ (3)
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka)

11.7 UMoloi noMtalaselwa bathanda uDumazile kodwa amandla othando lwabo avezwe ngezindlela ezingafani.√ UMoloi akanalo uthando lweqiniso, uhlukumeza abantu besifazane esebenzisa uthando, wakhulelisa uDumazile eseyingane yesikole wabuye wamthelela ngegciwane lengculazi phezu kokuba uDumazile wayeseshadile.√ UMtalaselwa unothando lweqiniso, uqhubeka nokumthanda uDumazile yize engezwani nomndeni wakhe noma ezwa izindaba zokungaziphathi kahle yize sebeshadile.√ (3)

11.8 Ziyakholeka ngoba basekhona othisha abasathandana nezingane zesikole baze bazikhulelise/izingane ezihlala emiqashweni ukusondezela izikole/ othisha abahlebayo/ukulwa kothisha nezingane zesikole bebanga amasoka.√

- UDumazile wasuka endaweni yakubo wayofunda eMbumbulu ngoba izikole zamabanga aphezulu zazingekho ngakubo.√
- UMoloi wabhanqa uDumazile kanye noMisi Hlophe wagcina ebakhulelisile bobabili.√
- Ukuhleba komemu behleba ngoDumazile noMoloi.√

(Okubili kwalokhu) (3)

11.9 Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa isu lokujeqeza emuva.√ Sethulelwa uKheswa ngenkathi efuna ukushaya uMaNdovela emva kokuba uMaJwara embikele ngokukhulelwa kukaDumazile.√Wacabanga ngomonakalo ongase wenzeke uma engashaya unkosikazi wakhe.√ Wakhumbula ngelinye ilanga emshaya maqede waquleka waphaphama esibhedlela./UKheswa ukhumbula ngesikhathi uSithole efika ezovula isitolo eMzikhulu enza idili okwakukhombisa ukuthi ungumuntu ophanayo.√/Ngenkathi uDumazile evuvuke izinyawo abazali bakhe bengazi ukuthi ukhulelwe, uKheswa ukhumbula ukuthi naye wake wavuvuka izinyawo ngoba bemshaye ngomeqo.√ (3)
**[25]**
(Okubili kwalokhu okusekela impendulo)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

## ISIQEPHU C: UMDLALO

## UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)

## KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo

QAPHELA:

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo ngaphansi kwezihlokwana ezinikeziwe ngokulandelana kwazo.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
  - Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isakhiwo.
  - Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kulokho okubuziwe.
  - Isiphetho sempendulo(uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo somdlalo.

**ISINGENISO:**
Isakhiwo siwumgogodla wendaba. Sinamazinga alandelayo:

- Isethulo: Yilapho sethulelwa ummeleli, imbangi, isizinda kanye nesisusa sodweshu.
- Ukubhebhetheka kodweshu: Lapha sibheka indlela indaba ekhula ngayo kususelwa enkingeni evezwe ekuqaleni.
- Isixakaxaka: Esinye isigameko/izigameko ezivelayo ebezingekho uma iqala inkinga yommeleli ezenza kube khona ukungqubuzana kubalingiswa. Esikhundleni sokuthi ummeleli abhekane nenkinga eyodwa uvele axakwe izinkinga nxa zonke.
- Uvuthondaba: Yilapho indaba isuke isisesicongweni. Lapha kusuke sekwenzeka isehlakalo sokugcina noma esikhulu kummeleli sekumele kube nesixazululo.
- Isiphetho: Lapha kusekupheleni kwendaba. Isigameko sokugcina esibuyisela izinto esimweni esijwayelekile njengoba sasinjalo ngaphambi kwesisusa sodweshu. Abanye abalingiswa bayaxolelana, bayazisola noma bayabuyisana.

**UMZIMBA:**

- Isethulo: Lapha sethulelwa umlingiswa ongummeleli uMdaluli Memela. Isisusa sodweshu iphupho lesiphepho elimxakayo angakwazi ukulichaza aliphuphile. Leli phupho uze ulixoxela umngani wakhe uMbhebhezeli omeluleka ngokuthi akathenge UNGQEQE INCWADI YAMAPHUPHO. Emva kwalokho useyadilizwa emsebenzini ngenxa yokuthi ifemu abesebenza kuyona isibuyela phesheya. Lo mdlalo wenzeka elokishini lakwaChappies ngesikhathi samanje lapho sekunabantu abaningi ababuya kwamanye amazwe njengaseMozambikhwi.

- Ukubhebhetheka kodweshu:
  - ❖ UMdaluli emva kokuphelelwa umsebenzi, uzama imizamo yokuziphilisa nomndeni wakhe uyehluleka.
  - ❖ UChivenga weshela uHlengiwe elindele isoka lakhe uManqina.
  - ❖ UChivenga unxusa umsebenzi woMnyango wezaseKhaya uHeshane ukuba benze umgunyathi wokumshadisa noHlengiwe engazi ukuze athole ubuzwe baseNingizimu Afrika.
  - ❖ Umndeni kaMdaluli uhleli uyazincokolela, uMdalluli uthola ukuthi ubhekene nesikweletu esiyizinkulungwane ezingama-30 000 zamarandi ekoliji ekufunda kulona uLondiwe.

  - ❖ UMdaluli uba nolaka uma ethola ukuthi uChivenga ambiza ngekwerekwere usemthathele umsebenzi emzini lapho ebethenjiswe ukwakha khona ngenxa yokuthi yena ufike ngemva kwesikhathi.
  - ❖ UMdaluli uthakatha uChivenga ngemuva kokubonisana noMbhebhezeli. UChivenga uyagula uze ulaliswa esibhedlela.
  - ❖ Izinkinga zikaMdaluli ziyanda, akawatholi amakhasimende azowakhela izindlu.

- Isixakaxaka:
  - ❖ UMdaluli uqala uba nodlame emzini wakhe, ukuthula noxolo kuyaphela.
  - ❖ UMdaluli uhlukumeza umkakhe uMaMlanduli ngokuqophisana naye, wala ukudla aphakelwe kona ekhaya.
  - ❖ UMdaluli ufuna indabandaba ngenkani uze ushaya inkosikazi yakhe uMaMlanduli phambi kwezingane.
  - ❖ ULondiwe indodakazi yakhe imbizela amaphoyisa, uyaboshwa.
  - ❖ UMdaluli ugcina enza isu lokuncenga uLondiwe ukuthi esule icala.
  - ❖ UMdaluli uphuma ejele uqala ukuhlukumeza izingane uze uzixosha ngesibhamu.
  - ❖ Izelamani zakwaMemela zibikela uZenyezile onguSonhlalakahle emahhovisi ezenhlalakahle ngenkinga kanina uMaMlanduli ongafuni ukuthathela uyise uMdaluli izinyathelo zomthetho.
  - ❖ UMdaluli ulalela uChivenga unyendle ehlathini laseMphekandlubu efokozini lotshani obude umgokloza umhlane ngemolontshisi umgqema nengozi ekhanda, uphinda uyaboshwa futhi.
  - ❖ UHlengiwe uvakashela uChivenga osanda kuphuma esibhedlela, umxoxela ngenkinga anayo yepasi osekuze kwaba amahlandla amathathu libuya linamaphutha okubhalwa isibongo sikaChivenga.
  - ❖ UChivenga ucela uHlengiwe ukuba angabe esalishintsha ipasi lakhe. Bayavumelana.

- Uvuthondaba:
  - ❖ UMdaluli ngenkathi esejele ucela ukubizelwa abantu abonile ukuze axolise kubona. Ucela uxolo emndenini wakhe ngodlame lwasekhaya ayelubhekise kuwona. Bayamxolela.
  - ❖ Ucela uxolo nakuChivenga ngokucishe ambulale. UChivenga uyamxolela uze uyalesula necala.

- Isiphetho:
  - ❖ Emva kokuthi uMdaluli ephume ejele esexolelwe nayilabo ayebonile uthola umsebenzi, uthatha iholide uya eSudan. Kuzamazama umhlaba akwaziwa okwenzeka, okungenzeka ukuthi uMdaluli wagqibeka.
  - ❖ UMaMlanduli kanye nezingane zakhe bayazibuza bayaziphendula bathi: 'Kudela Owaziyo' ukuthi uMdaluli angabuya eseguqukile yini uma angase anikwe elinye ithuba lokuphila ngokuthi aphephe engozini yaseSudani.

**ISIPHETHO (UVO LOHLOLWAYO):**

Umbhali uphumelele kahle ukubumba isakhiwo salo mdlalo. Amazinga esakhiwo anikezelana kahle ukusuka esingenisweni kuze kufinyelele esiphethweni. Inkinga uMdaluli abebhekene nayo esingenisweni iyaxazululeka esiphethweni.
(Abahlolwayo mababeke uvo lwabo, bakhombise ukuthi sebeyayiphetha
Impendulo yombuzo.) **[25]**

**NOMA**

## UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)

## *KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo

13.1
- Abemisakazo.√ (1)
- Abamathelevishini.√ (1)

13.2 Umlingiswa oyimbangi uChivenga wethuswa ukuthi sekuboshwe uHeshane mayelana nezinsolo zokugwazisa izifiki kuleli kanti naye uyathinteka kulo mkhonyovu.√√ (2)

13.3 UChivenga wacela uHeshane ukuba athathe ipasi likaHlengiwe ngobuqili bokumfunela umsebenzi. Ngempela wenza kanjalo.UHlengiwe wahambisa ipasi lakhe kuHeshane lase libuya seliveza ukuthi useshade noChivenga.√√ (2)

13.4
- Bobabili bangabantu abawuthandayo umsebenzi wabo.√ (1)
- Basiza umndeni wakwaMemela ngenkathi uMdaluli ewuhlukumeza.√ (1)

13.5 Ekuphumeni kukaMdaluli ejele uxosha uLondiwe uthi angeke ahlale naye emzini wakhe ngoba babanga ubukhulu. UKhombephi noNenelezi bathi bangamane bahambe bonke. Lokho kucasula uMdaluli ogcina ebathembisa ukubadubula base beyabaleka.√√ (2)

13.6 Ukuveza ukuthi uMaMlanduli ayikho into avumelana nayo.Uyalandula ukuthi UMdaluli aye naye ocansini uthi ilungelo lakhe ukwala.√ Uyalandula ukuthi ubophise uMdaluli ngenkathi emshayile uma kufika amaphoyisa ebizwe ULondiwe.√Uphinde uyalandula ukuthi uMdaluli wenze iphutha yingakho aboshwa.√ (3)

13.7 Isisho singelekelele ukuba ngiqonde ukuthi kwakungeke kusaba lula kubantu bokufika ukuthola ubuzwe bakuleli ngokungemthetho.√ Labo abase bebutholile ubuzwe bakuleli ngokungemthetho babezophucwa bona.√ Babezoboshwa bese bephindiselwa emuva emazweni abo. UChivenga naye wayazi ukuthi ungomunye wabo.√ (3)

13.8 Isimo ekhaya sasingabhebhetheka sibe sibi kakhulu kunakuqala.√ UMdaluli wayengagcina embulele uMaMlanduli kanye nezingane zakhe okanye abadubule bakhubazeke√. Izingane zazingaduba zibe imihambima noma zigcine zenza izinto ezingafanele.UMdaluli wayeyoqhubeka nokuhlukumeza umndeni wakhe.√ Amalunga omphakathi ayengagcina ezithathela umthetho ezandleni zawo abulale uMdaluli.√ (4)

13.9 Umbhali uphumelele ukusebenzisa izigameko ezifihlelwe uChivenga nguMdaluli. UMdaluli uthukuthelela uChivenga aze axoxele uMbhebhezeli ngoba ethi umthathele umsebenzi kwazise uChivenga ungowokufika eNingizimu Afrika.√ Ugcina ethatha isinqumo sokumthakatha.√ uChivenga ulala esibhedlela ngenxa yesitapamunwana engazi ukuthi siyini futhi usithole kanjani.√UMdaluli uthumela uMaMlanduli ukuba athole ukuthi uChivenga unjani.√ Ngokubona ukuthi isu lokuthakatha uChivenga aliphumelelanga, uMdaluli uvukela uChivenga isigubhukane engazelele efokozini ngenhloso yokumshaya ambulale.√ (5)

**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

QAPHELA:

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo ngaphansi kwezihlokwana ezinikeziwe ngokulandelana kwazo.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
    - Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isakhiwo.
    - Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kulokho okubuziwe.
    - Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo somdlalo.

**ISINGENISO:**
Isakhiwo siwumgogodla wendaba. Sinamazinga alandelayo:

- Isethulo: Yilapho sethulelwa ummeleli, imbangi, isizinda kanye nesisusa sodweshu.
- Ukubhebhetheka kodweshu: Lapha sibheka indlela indaba ekhula ngayo kususelwa enkingeni evezwe ekuqaleni.
- Isixakaxaka: Esinye isigameko/izigameko ezivelayo ebezingekho uma iqala inkinga yommeleli ezenza kube khona ukungqubuzana kubalingiswa. Esikhundleni sokuthi ummeleli abhekane nenkinga eyodwa uvele axakwe izinkinga nxa zonke.
- Uvuthondaba: Yilapho indaba isuke isisesicongweni. Lapha kusuke sekwenzeka isehlakalo sokugcina noma esikhulu kummeleli sekumele kube nesixazululo.
- Isiphetho: Lapha kusekupheleni kwendaba. Isigameko sokugcina esibuyisela izinto esimweni esijwayelekile njengoba sasinjalo ngaphambi kwesisusa sodweshu. Abanye abalingiswa bayaxolelana, bayazisola noma bayabuyisana.

**UMZIMBA:**

- Isethulo
    - ❖ Lapha sethulelwa umlingiswa onguSalimani, ummeleli obhekene nenkinga yokuthi uHulumeni uthumela uZithulele ukuba amtshele ngodaba lokuklanywa kabusha kwemingcele yendawo yesizwe sakhe. Yonke ingxabano ekhona kulo mdlalo izungeza kule nkinga yokuklanywa kabusha kwemingcele. Umdlalo uthi uqala nje sekukhona ukungezwani phakathi kukaHulumeni wabelungu nabantu abamnyama ababuswa inkosi uSalimani. Lo mdlalo wenzeka ngesikhathi sakudala, sobandlululo kusabusa amakhosi, ekufikeni kwabamhlophe bezimisele ukuthatha izwe lakuleli.

- Ukubhebhetheka kodweshu
    - ❖ UZithulele noHulumeni baqhubeka nesinqumo sabo sokusika/sokuklama kabusha imingcele.
    - ❖ Bahlula ngisho uSalimani, abafowabo, izinduna nesizwe sakhe bezama ukubamba imihlangano eyahlukene ukuze babonisane ngalolu daba.

- Isixakaxaka
  - USalimani uthola ukuthi enye yezinduna zakhe uMphiliphili isiyimbuka ihambisana nabelungu bamapulazi.
  - USalimani usebenzisa ukuhlakanipha ngosuku lokhetho.
  - UMphiliphili ufaka ubhontshisi omhlophe ngosuku lokhetho okwakuwuphawu lokuhambisana noHulumeni.
  - Ngemuva kokuhlawula uMphiliphili utholakala ehamba nabantu basemapulazini abazohlasela abantu benkosi uSalimani kwaMcondo. Ukhuza kuphela amabutho kaSalimani ngenkathi kuliwa.
  - Inkosi uSalimani ungummangalelwa ecaleni labantu bayo abahlaselwe abakaMgqabula. Ithola isigwebo esiyiphuca uMngeni, uMkhabela noVimbingwenya.
  - UNomehlo uyaboshwa ngoba uhubise wavivisa amabutho, ugwetshwa izinyanga eziyisithupha edonsa kanzima ejele.
  - Amabutho agwetshwa izinyanga ezintathu, isigwebo silengiswa izinyanga eziyisithupha engatholakali enecala.

- Uvuthondaba
  - Inkosi uSalimani iphucwa izwe ngeqhinga likaHulumeni lokuthi amangalelwe ecaleni ayengathintene nalo lokulwa kwabantu bakhe nabakaMgqabula.

- Isiphetho
  - Umdlalo uphetha ngengwijikhwebu. Inkosi uSalimani ithethwa amacala ibuyiselwa umhlaba wayo ijaji lenkantolo eMgungundlovu. Ibalazwe lemingcele laseMshwathi liba usizo enkosini uSalimani ngenkathi ijaji lithatha isinqumo. UHulumeni utholwa enecala lokuthatha imingcele yeNkosi uSalimani, ukhokhiswa nezindleko zecala.

**ISIPHETHO (UVO LOHLOLWAYO):**

Umbhali uphumelele kahle ukubumba isakhiwo salo mdlalo. Amazinga esakhiwo anikezelana kahle ukusuka esingenisweni kuze kufinyelele esiphethweni. Inkinga inkosi uSalimani ebibhekene nayo esingenisweni iyaxazululeka esiphethweni.
(Abahlolwayo mababeke uvo lwabo, bakhombise ukuthi sebeyayiphetha impendulo yombuzo.) **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

15.1
- Wayegqolozela uSalimani.√
- Wayecosha inqawe esitsheni somlotha kagwayi ayingqongqothe ayigxishe ugwayi.√
- Wayephisela inqawe emlonyeni ayokhele afuquze.√
- Wayedamane abhekise amehlo akhe ebalazweni elalisodongweni eceleni kwakhe.√

(Okubili kwalokhu) (2)

15.2 Inkosi uSalimani√ inkinga abhekene nayo eyokuklanywa kabusha kwemingcele inikezwe abalimi babelungu.√ (2)

15.3 Inkosi uSalimani ikhombisa ubuhlakani bolwazi olunzulu lwemingcele yezwe layo engayibhekanga ebalazweni njengoZithulele.√√ (2)

15.4
- UMphiliphili nonongqayi ababengofakazi bakaMgqabula babengekho mhla kuliwa kwaVimbingwenya kanti abantu basemapulazini yibona abeqa umngcele bahlasela kwaVimbingwenya.√ (1)
- Isinqumo sejaji enkantolo yaseMgungundlovu siyabonakalisa ukuthi uSalimani wayengenalo icala. √ (1)

15.5 Amabutho eNkosi uSalimani ayezibusela ahlaselwa abantu bakaMgqabula behlomile.√ Kwase kufika onongqayi babopha uNomehlo namanye amabutho enkosi.√ (2)

15.6 Simveza njengomlingiswa osabela impilo yakhe.√ Okungenzeka ukuthi wayengahambisani nokuklanywa kabusha kwemingcele√ kodwa ephoqwa isimo sokuthi wayesebenzela uHulumeni elandela imiyalelo.√

NOMA

Simveza njengomlingiswa osabela impilo yakhe√ encamela ukusebenzisa la mazwi ukuze kungabonakali ukuthi naye uhambisana nabelungu ababefuna ukusikelwa umhlaba wenkosi yamaNgwazi.√√ (3)

15.7 Angilekelele ukuba ngiqonde ukubaluleka kwale mingcele enkosini uSalimani nasesizweni sayo sonkana.√ Abelungu abayowela uMngeni bayokwenza ukuba kubheduke impi enkulu √kufe abantu abaningi kugeleze igazi.√ (3)

15.8 Amakhosi nabantu bawo ayengagcina elahlekelwe umhlaba wawo esesebenzela abelungu.√ Abelungu babeyokwanda emhlabeni wabamnyama√ badamane beqhubeka nokuklama kabusha imingcele bengabonisananga namuntu,√ uma nje bebona ukuthi kunokuthile ababengakuzuza kulowo mhlaba.√ (4)

15.9 Umbhali uphumelele ukusebenzisa izigameko ezifihlelwe uSalimani nguMphiliphili. UMphiliphili uhlangana noHulumeni ukudla umhlaba wenkosi uSalimani ingazelele.√Lokhu kubonakala ngokuthi amukele izipho ezivela kubelungu uSalimani engazi.√ Uphonsa ubhontshisi omhlophe esikhambeni.√ Ufihlela inkosi uSalimani ukuthi abantu bakhe bazohlaselwa ngabantu bakaMgqabula.√ Ufakazela ummangali uMgqabula enkantolo yaseMshwathi.√ (5)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

## ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INKONDLO [AMAMAKI AYI-10]

| Izinkomba | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kuyagculisa | Akugculisi kahle | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE** | **6-7** | **4-5** | **3** | **2** | **0–1** |
| Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**7 AMAMAKI** | -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi. kubhekiswe enkondlweni.<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo. | -Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle.<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo.<br>-Amanye amaphuzu ayanemba kodwa awasekeliwe wonke ngendlela elindelekile.<br>-Ulwazi lwenkondlo luhle. | -Isihloko usihlaziye ngokugculisayo.<br>-Akhona amaphuzu amahle asekela isihloko.<br>-Amanye amaphuzu asekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi.<br>-Ulwazi lwenkondlo olugculisayo. | -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle.<br>-Kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko.<br>-Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle. | -Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko.<br>-Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo.<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo. |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI** | **3** | **2** | **2** | **1** | **0–1** |
| Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula.<br>Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**3 AMAMAKI** | -Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu.<br>-Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu.<br>-Ulimi,ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni.<br>-Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo. | -Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle.<br>-Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka.<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | -Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo.<br>-Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile.<br>-Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenziswe ngokugculisayo. | -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka<br>-Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo.<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi.<br>-Ithoni nesitayela akugculisi kahle. | -Isakhiwo asihlelekile kahle neze.<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze. |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | **9-10** | **6-7** | **5** | **3** | **0-2** |

**ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]**

| Izinkomba | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kuyagculisa | Akugculisi kahle | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE** | **12–15** | **9–11** | **6–8** | **4–5** | **0–3** |
| Ukuhunyushwa kwesihloko<br>Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**15 AMAMAKI** | -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu.<br>-Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni.<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/lomdlalo. | -Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle.<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo.<br>-Amanye amaphuzu ayanemba kodwa akuwona wonke asekelwe ngendlela elindelekile.<br>-Ulwazi lwenoveli/lomdlalo luhle. | -Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo.<br>-Akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi.<br>-Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi.<br>-Ulwazi olugculisayo lwenoveli/lomdlalo. | -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile.<br>-Mancane amaphuzu ahambisana nesihloko<br>-Ulwazi olungagculisi kahle lwenoveli/lomdlalo. | -Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko.<br>-Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo.<br>-Amaphuzu awanelisi nhlobo.<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/lomdlalo. |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI** | **8–10** | **6–7** | **4–5** | **2–3** | **0–1** |
| Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula<br>Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**10 AMAMAKI** | -Isakhiwo silandelana kahle kakhulu.<br>-Isingeniso kanye nesiphetho kuhle kakhulu.<br>-Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle.<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle kakhulu, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni. | -Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle.<br>-Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle.<br>-Amaphuzu ageleza kahle.<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | -Isakhiwo siyagculisa.<br>-Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyagculisa kodwa kunamaphutha.<br>-Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile. | -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso.<br>-Amaphuzu awahlelekile kahle.<br>-Amaphutha olimi agqamile.<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungagculisi. | -Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu<br>-Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo<br>-Ukusetshenziswa kwethoni nesitayela akugculisi nhlobo. |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | **20–25** | **15–19** | **10–14** | **5–9** | **0–4** |